

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2018

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-28.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.
3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A:	Inoveli	(35)
ISIQEPHU B:	Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C:	Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D:	Izinkondlo	(35)
4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE.

ISIQEPHU A: INOVELI
Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

ISIQEPHU B: UMDLALO
Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

ISIQEPHU D: IZINKONDLO
Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.
5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.
7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

ISIQEPHU A: INOVELI		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
IZINOMBOLO ZEMIBUZO	AMAMAKI	IKHASI
1. <i>Ithemba Lami</i>	35	5
2. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	35	8
3. <i>Umshado</i>	35	11
ISIQEPHU B: UMDLALO		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
4. <i>Ababulali Benyathi</i>	35	14
5. <i>Icala Kaliboli</i>	35	17
6. <i>Isiko Nelungelo</i>	35	20
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE		
Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.		
7.1 'Umunwe'	18	23
7.2 'UNozimoto'	17	24
ISIQEPHU D: IZINKONDLO		
Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.		
8.1 'Ngingoweliba'	18	26
8.2 'Ungumzali Onjani?'	17	27

Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE
A: INOVELI	1–3	1	
NOMA			
B: UMDLALO	4–6	1	
NOMA			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	7	1	
NOMA			
D: IZINKONDLO	8	1	
QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

ISIQEPHU A: INOVELI**UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

'Yebo kunjalo khona mama, umuntu kufanele azame ndawo zonke, kodwa okwamanje ngibona zisengcono izinyanga kunalaba bathandazi, umuntu ulala engemthandazi kuyasa ngakusasa usegabe izinsonto ukutshela ukuthi uyathandazela.'

Aphawule uMkhumane; 'Kanti-ke njalo Sandanezwe hleze naye unyoko ulandela lona elokuthi **imbuzi icingwa nasesihlahleni**. Ngakho-ke kuyoba kuhle ukuthi nalo 5 ungalifeli ngamathe.'

'Cha baba angilifeli ngamathe, mina nje inhliziyi bese ngiyitshelile ukuthi ngiya enyangeni. Ningakhohlwa phela ukuthi nokuzitshela ukuthi uzosinda yikhona okuyaye kusize ngesinye isikhathi.'

'Hhayi-ke asazi, **nguwe obambekile** kusho ukuthi sizonikeza wena ithuba lokuthi 10 uzizwele ukuthi yikuphi lapho wena ukholelwa ukuthi ungathola khona ukusizakala. Nokho-ke ake sizinikeze ithuba nazo izinyanga zenze ezazo izaba sibone ukuthi sitholani.'

Ezwakale umama: 'Wo-hhe! Sandanezwe mntanami kubuhlungu uma ngikubona ungaphathekile ngalolu hlobo. Ngisuke ngibe novalo lokuthi hleze lesi sifo sikuqinise 15 amaphupho ami angabe esafezeka kanti nguwe wedwa umfana enginaye. 'Cha mama, khululeka salukazi sami, ungabi nenhliziyo ebuhlungu ngizosinda. Nakulokhu okushoyo mama komthandazi, ngicela ungaboni sengathi angikuhloniphi, ngizoya kuye, kodwa okwamanje ngithe ake ngiqale kule nyanga abayibabazayo ngapha ngaseMpangeni.' 20

- 1.1 Ngokwalesi siqeshana uMkhumane wamexwayisa/wameluleka wathini uSandanezwe? (1)
- 1.2 Ngubani igama lenyanga abayibabazayo ngapha ngaseMpangeni afuna ukuya kuyo uSandanezwe? (1)
- 1.3 Bhala izinto EZIMBILI ezazikhathaza umama kaSandanezwe ngokugula komfana wakhe. (2)
- 1.4 Iseluleko sikaSebenzile kumngani wakhe uNokulindela mayelana nokulinda uSandanezwe njengoba egula simveza njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.5 Bhala isizathu esenza ukuthi uZabalaza ashaywe nguSandanezwe ngesikhathi behlangana naye benoNokulindela. (2)
- 1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esithi: '**nguwe obambekile**' sisho ukuthi ...
A uyigwala.
B uyagula.
C uyazondwa.
D untshontshile. (1)

- 1.7 Uqonde ukuthini umlobi uma ethi, '**imbuzi icingwa nasesihlahleni**'? (2)
- 1.8 Umlandi/Umxoxi akayena omunye wabalingiswa bale ndaba. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)
- 1.9 Kwakuyini inhloso yenyanga yaseMpangeni yokuhlangana noNtshingila? (2)
- 1.10 Ubukhona bukaZabalaza kule noveli buyikhulisa kanjani indaba? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 1.11 Ithini indikimba yale ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

KANYE**ISIQESHANA B**

'Njengoba usho ukuthi usukhokhe konke ndodana ayisekho into esilele, ngibona kungcono nami kube khona engikufumbathisa khona ngalolu sizo ongenzele lona ngomntanami.'

'Khona kunjalo baba kodwa-ke nami bekuyilungelo lami ukuthi ngenze lokhu engikwenzile ngakho-ke angilindele nkokhelo ngakho. Eqinisweni baba okuhlupha uNokulindela nami kuyangihlupha ngakho-ke angifuni ukumbona engathokozile.'

'Ngiyabonga ndodana ukungihlengela ingane yami, isicishe yaba uhhuhwa oluhambe lucosha amaphepha ngenxa yabathakathi. Bala sengicishe ngakhohlwa silibele ukulanda. Nabo-ke abahlobo bakaNokulindela laba ababemenze lo mhlola, lwabe selusale luyadingidwa udaba lwabo. Ekuqulweni kwecala labalahla bobathathu, bahlawuliswa. UZabalaza kwaba zinkomo eziyishumi nanhlanu, uJiyane ishumi, kwathi uyise kaNomgedla zaba nhlanu. Ibandla lazama nokho ukusiduduza ngoba kwathiwa lezo nkomo zizogeza umuzi, zibuye zisithwalise ezindlekweni zokwelaphisa intombazana.'

'Babahlawulise kancane, yeka izwe lisabusa bebezovele bajojwe abathakathi bansondo. Ngiyazisa, futhi uNomgedla yena ngiyomkhohlwa ngifile ngiwafunge amaChunu.' Washo uNokulindela kwahleengezela izinyembezi.

Sona saba sihle impela isigwebo sabo kodwa ngisafisa ukuzibambela mathupha ngiziphindiselele.'

'Kanti-ke ndodana ungalaleli inhliziyi bese uziphathela umthetho ngezakho izandla ngoba uyojeza ngalokho.'

'Yiqiniso lelo baba, mane nami ngenziwa yinhliziyi kwazise ayigayelwa mphako.'

Sebebingelelene uNokulindela noyise, wabonakala uNokulindela ekhala, kepha kungezona ezosizi kungezenjabulo.

- 1.12 Yini eyayenza ukuthi ubaba kaNokulindela abonge uSandanezwe? (2)
- 1.13 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uJiyane ahlawuliswe ishumi lezinkomo? (2)

1.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
1.14.1 UNomkhizo	A Umthandazi
1.14.2 UNokulindela	B Udadewabo kaSandanezwe
1.14.3 UNdebele	C Isesheli sikaNokulindela
1.14.4 UZabalaza	D OwakwaMchunu

(4 x 1) (4)

1.15 Uyavumelana yini nokuthi le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Xoxa ngokuphumelela kombhali ukusivezela ukuthi ezinye izinyanga ziyadlala ngabantu. Bhala amaphuzu AMATHATHU ubhekise kulokho okwenzeka endabeni. (3)

1.17 Ukuba wena wawunguNomgedla wawuyomeluleka uthini uZabalaza ngothando ayenalo ngoNokulindela njengoba ayebona ukuthi uNokulindela akamthandi? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
[35]

UMBUZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

Abafana bona balotsholelwa nguyise baganwa. Bakha imizi yabo lapho besebenza khona. Babevamise ukuvakasha njalo ngoKhisimuzi bengakaganwa. Kwakungadliwa mbuya ngothi la kulo muzi ubaba esasebenza ngoba wayefuyile futhi. Izinkomo zazibulala inyoka, kudliwa intusi ngaso sonke isikhathi. UMacingwane lo kwakuyisihlahla esithela izithelo ezimnandi ngaso sonke isikhathi esasebenza. Isiphethu esinamanzi amnandi ahlanzekile futhi enjalo nje ebanda wonke umuntu wayethanda ukuyophuza kuso, sasha. Wahlala phansi iminyaka emibili esadla izindibilishana ayephume nazo emsebenzini, ngemuva kwalokho yaqala-ke inkemane.	5
Babamba beyeka isikhathi esijana kukubi, nendawo yokulima ingalimeki ngenxa yokuphela amandla kubona bobabili. Kwakusho ukuthi bahlala bodwa abakwazi ukuqasha abantu babalimele. Kwakungekho ngisho nemali yokwenza ilimo ngoba lidinga utshwala nokudla. Esehleli phansi ngelinye ilanga beziphuzela nje namanye amadoda, yathi enye indoda ake abaxoxele ngaleya ndoda eyayiwumhloli wezikole ayethi yaqamba izikole ngezici ezithile. Wavele wahleka wase ethi; 'Hoo! Usho leya ndaba engathi ngangiyixoxelwa omunye uthisha esasilaliswe naye eBharagwana?' Yavuma le ndoda maqede bahleka bobabili. Le ndoda yaseMachunwini yayikwazi ukuxoxa ukuze kuchitheke isikhathi komahlalela.	10
'Kulungile-ke. Lo thisha wayeqhamuka endaweni yaseMpumalanga eduze naseHammersdale, bude buduze naseThekwini.'	15
	20

- 2.1 Ngokwalesi siqeshana uManyoba wawasiza ngani amadodana akhe ngesikhathi esefuna ukuthatha amakhosikazi? (1)
- 2.2 Yisiphi isikhathi sonyaka amadodana kaManyoba ayevamise ukuthola ngaso ithuba lokuvakashela ekhaya? (1)
- 2.3 Yini eyayenza ukuthi kungadliwa imbuya ngothi emzini kaManyoba ngesikhathi esasebenza? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.4 Iseluleko sikaDoda kumfowabo uManyoba mayelana nokuthatha isikhundla sokusebenzisa umshini efemini abasebenza kuyo simveza njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.5 Bhala isizathu esasenza ukuthi kube nzima kuManyoba nomkakhe ukuthola impesheni yabadala kahulumeni. (2)
- 2.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esithi: '**yaqala inkemane**' sisho ukuthi:
A baqala ukukhuluphala.
B kwaqala ukugula.
C kwaqala indlala.
D kwaqala amakhaza. (1)

- 2.7 Uqonde ukuthini umlobi uma ethi, 'uMacingwane lo kwakuyisihlahla esithela izithelo ezimnandi ngaso sonke isikhathi esasebenza?' (2)
- 2.8 Umlandi/Umxoxi akayena omunye wabalingiswa bale ndaba. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)
- 2.9 Kwakuyini inhloso kaManyoba yokubizela wonke umndeni wakhe emcimbini omncanyana emva kokuthatha umhlalaphansi emsebenzini? (2)
- 2.10 Ubukhona bukaMaNdlovu kule noveli buyikhulisa kanjani indaba? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 2.11 Ithini indikimba yale ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

KANYE**ISIQESHANA D**

'Ngibonga obabamkhulu ngalesi sehlo. Ngibonge uMdali wezulu nomhlaba. Ngicela sibuse bantu beNkosi. Dlanini niphuze ningaphoxani. Ngiyanazi-ke nina anikaze ningiphoxe nangelinye ilanga. Sibongele Mfundisi sidle. Kukhona nenyama yezithebe ngemuva kwalokho.'

Umfundisi wabonga, kwadliwa, kwasinwa, kwakhona nabashaya ingoma 5
nesicathamiya, kwaze kwafinyelela esiphethweni somcimbi. Abantu bahamba kwasala umndeni nezihlobo ezaziphuma kude naseduzane. Kuthe sekuhambe wonke umuntu, izingane zakhe zazama ukuxolisa kuyise, wabaxolela kodwa kwaba ukuthi wayengasazimisele ukuba abuye ababize ngezingane zakhe. Zabuye zacela uxolo kunina, naye washo okufanayo nokushiwo ngumyeni wakhe. Sebexolisile, uFanyana wacela ukuba ayichaze yonke indlela okwenzeka ngayo ukuba kuhlukaniswe abazali babo. Wala waphetha uyise ukuyilalela le ndaba. UMaNdlovu wamncenga ukuba alalele noma engezukuphendula. Wavuma-ke ngaleyo ndlela uFanyana wabachazela abazali bakhe ukuthi yena wehlulwa abafowabo, yena wayethi ubona kungcono ukuba balethelwe ukudla njalo ekupheleni kwenyanga, uMjwayeli noBheki baphoqa uMduduzi ukuthi avumelane nabo ukuba nehlukaniswe. Wachaza nokuthi kufanele ukuba babone ukuthi kwathatha eside kangakanani isikhathi ukuphuma nempendulo. 10

'Nina nomkakho navumelana ngokuhlupha unyoko, nawe ufana nabafowenu.'

'Baba, uMduduzi akanacala.'

'Baba! Yimi noBheki esingabavusi benyamazane, beka thina icala lonke,' 20
Kuchaza uMjwayeli evunyelwa uBheki ngekhandu.

- 2.12 Yini eyenza ukuthi uManyoba abone kufanele abonge amadlozi akubo kanye noMdali? (2)
- 2.13 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uMaNdlovu noManyoba bangasiboni isidingo sokufundisa indodakazi yabo uMarriam? (2)

2.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
2.14.1 UFanyana	A Wayecwaninga amabhuku
2.14.2 UMjwayeli	B Wayeshayela izimoto ezinkulu
2.14.3 UBheki	C Wafundela ukuba ngummeli
2.14.4 UMduduzi	D Wafundela ukuba nguthisha

(4 x 1) (4)

2.15 Uyavumelana yini nokuthi le ndaba yenzeka ezindaweni ezahlukene ngokwesizinda? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.16 Xoxa ngokuphumelela kombhali ukusivezela ukuthi ezinye izingane ziyabahlukumeza abazali bazo uma sebephelelwe ngamandla okuziphilisa. Bhala amaphuzu AMATHATHU ubhekise kulokho okwenzeka endabeni. (3)

2.17 Ukuba wena wawunguMfundisi Zakwe wawuyomeluleka uthini uManyoba uma usuzwile ngesinqumo sakhe sokujezisa amadodana akhe? (2)
[35]

UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

'Ngena lapha endlini yokuphumula.' Angene esenyonyoba uBhekani athi ukujabula, ecabanga ukuthi kokunye uTholi uyammangaza. Avule emnyango. Hawu ubani lo ambonayo? Akhamise umlomo uBhekani ebona le ntokazi.	
'Hawu Lindiwe.'	
'Yimina impela Bheki. Kanti usaphila baba?'	5
'Ngiyaphila Lindi.'	
'Sengikufune ngaze ngakuthola mntakwethu. Ngizoxolisa. Yimi engangena esilingweni. Ngicela ungixolele. Uyazi ukuthi ngangikuthanda kanjani. Khohlwa yiphutha lami baba, khohlwa.'	
Ngendlela ayeshaqeke ngayo uBheki wasuke wabheka phezulu. Kwabonakala ukuthi ikhanda liyaduma. Usazombona kanjani uTholakele? Waqoqa isibindi wabhekana noLindiwe. Wasondela kuye bahlala bancikana. Bagaxana.	10
'Uyazi ungathi ngiyaphupha Lindiwe,' Kusho uBheki. Kungene unina kaBheki.	
'Uzibonile izimpahla engiziphathelwe uLindiwe, Bheki?'	
'Angikaziboni mama.'	15
'Usize ungibongele. Ngizokukhombisa isimanga sezimanga.'	
Washeshe waphuma unina kaBheki.	
'Ngijabula kabi uma ngikubona ulapha Lindiwe. Cha, ungazihluphi ngendaba yakho, sizoxoxa kahle. Okwamanje ake ngiyokuthengela okuphuzwayo.'	
'Ngiyabonga Bheki mntakwethu.' Wasukuma washesha uBhekani waqonda esangweni. Wabona ukuthi kuzofuneka asheshe atshele uTholi ukuthi angabe esamvakashela. Icebo seliyozakha uma ebuza isizathu.	20
Uthe eseyophuma ngesango uBheki samemeza isalukazi esingunina.	
'Uyaphi manje Bheki?'	
'Ngisayothengela uLindiwe isiphuzo mama.'	25
'Awuthumi ngani abafana?'	
'Ngibona sengathi bazolibala.'	
'Ungisize wena ungalubeki kuTholakele lowo.'	

- 3.1 Ngokwalesi siqeshana wayezokwenzani uLindiwe kubo kaBhekani? (1)
- 3.2 Yini uLindiwe ayeyiphathele umama kaBhekani? (1)
- 3.3 Yini eyenziwa uBhekani noLindiwe kulesi siqephu ekhombisa ukuthi bayathandana? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 3.4 Iseluleko sikamalume kaBhekani kumshana wakhe mayelana nokuthi aqale athole lonke ulwazi ngemvelaphi kaTholakele ngaphambi komshado simveza njengomuntu onjani umalume? Sekela impendulo yakho. (2)
- 3.5 Bhala isizathu sangempela sikaBhekani sokuthi azihambele yena ukuyothenga isiphuzo. (2)

3.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: '**Ungalubeki kuTholakele**' sisho ukuthi:

- A Ukungahambi noTholakele.
- B Ukungagijimi noTholakele.
- C Ukungayi kuTholakele.
- D Ukungakhulumi noTholakele. (1)

3.7 Uqonde ukuthini umlobi uma ethi, 'Waqoqa isibindi wabhekana noLindiwe'? (2)

3.8 Umlandi/Umxoxi akayena omunye wabalingiswa bale ndaba. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

3.9 Kwakuyini inhloso kaBhatomu yokuvakashela eNyawushane? (2)

3.10 Ubukhona bukaZenze kule noveli buyikhulisa kanjani indaba? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

3.11 Ithini indikimba yale ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

KANYE

ISIQESHANA F

Ahambe asheshe uBheki. Uzwa ekhululeka sengathi zonke izixako ziyagudluka endleleni. Baqhubeke namalungiselelo, amalungiselelo nawo athanda ukuba umqansana. Uma uBheki ekhuluma ngokuthi uyashada, basukumela phezulu. Inkinga ivela uma esesho ukuthi ushada nobani, baqale-ke abantu babike imbiba babike ibuzi. Imphathe kabi impela leyo nto uBheki. 5

Kulukhuni nokuthola umfundisi manje. Lo wendawo uthi akakaze ambone nakanye uTholi esontweni. Umfundisi uthi uwazi kahle onke amakholwa akhe kule mijondolo yaseNyawushane. Inkinga ayikho kuBheki. Bebesonta nonina. Kuze kuzanywe umfundisi wakwelinye ibandla. Naye ufuna abazali balaba abazoshada kuqala. Uma etshelwa leyo nto uTholi, uthi bazommela oZenze. Akhumbule amadlozi ashiwo unina uBheki. Ekugcineni umfundisi aze ahawukele yena uBheki. Atholakale kanjalo-ke umfundisi nesonto okuzobhaliselwa kulo. 10

Usuku lomshado wawungathi kushada inkosi. Kugcwele kuthe swi izimoto egcekeni. UBheki ungathi uyaphupha. Uma elokhu eqalaza uyababona abantu abaziyo. Usebona noLindiwe egone ingane. Ethembe ukuthi uLindiwe ngeke amsusele umsindo sekubhaliswa. 15

'Kanti oTholi babanjwe yini?' UBheki obuzayo. Akabonakali phela umakoti manje. Acabange uPamella uBheki. Kokunye nguye nje oselibazise uTholi. Bagcwele manje abantu umakoti akabonwa. Aqalaze futhi uBheki.

3.12 Yini eyayenza ukuthi amalungiselelo omshado kaBheki noTholi abe ngumqansana? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.13 Yisiphi isizathu esenza ukuthi umfundisi waseNyawushane anqabe ukushadisa uTholi noBhekani? (2)

3.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
3.14.1 UPamella	A Avakashela uTholakele esibhedlela
3.14.2 UJazibomvu	B Unguthisha
3.14.3 ULindiwe	C Ungumngani kaTholakele
3.14.4 Amaphoyisa	D Udayisa izibhamu zokuzakhela

(4 x 1) (4)

3.15 Uyavumelana yini nokuthi le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.16 Xoxa ngokuphumelela kombhali ukusivezela ukuthi uBhekani wayehluleka ukulawula imizwa yakhe. Bhala amaphuzu AMATHATHU ubhekise kulokho okwenzeka endabeni. (3)

3.17 Ukuba wena wawungomunye wabefundisi baseNyawushane wawuyovuma yini ukushadisa uTholakele noBhekani uma ucelwa ukuthi wenze njalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO**UMBUZO 4 : ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G

DLAMINI:	<i>(Ehleka sakubhuqa)</i> He! He! Wo! Ubani? Aholele bani? Phela labo bacabangelana bodwa. Uma ungesiye usopolitiki awuyinto yalutho. Abanye bathola ithuba ekukhethweni nje ngoba babelwa kakhulu ngenkathi kubulalana abantu bezinhlangothi zepolitiki. Thina sazi ukuthi uma kubekwa indoda, ibekwa ngoba ihlakaniphile futhi ingumnumzane onemfuyo. Lokhu kwabo kwehlukile. 5
SHANDU:	We Dlamini! Awusho. Uma efika uDuma ezocela imvume ngohlelo afuna ukulwenza, ngithini?
DLAMINI:	<i>(Ahebeze ngezandla)</i> Cha! Cha! Ndabezitha ungazikhamanisi. Umchithe! Umchithe zisuka nje. Phela ukubusa kwakho kungazulelwa amanje. Cha! Ngiyaphika Ndabezitha <i>(anikine ikhanda).</i> 10
SHANDU:	<i>(Ehlise umoya, nezwi lakhe lehle njengomuntu odumele.)</i> Phela akufanele ngimchithe uma ezehlisa ngoba lokho kungasho ukuthi ngiphikisana nenqubo kaHulumeni. Mina ngifuna inhlonipho nje kuphela. Thina makhosi kufanele sigqogquzele lo Hulumeni ekushayeni umthetho ozosenza sihlale singamakhosi ahloniphekile. 15
DLAMINI:	<i>(Naye adumale kodwa ubuso bugcwale intukuthelo)</i> Hawu! Hawu! Ndabezitha, uyobe usuvulele amanzi uqobo. Ngempela ayongena akumanzise ubukhosi bakho futhi bugcwale. Emva kwalokho uyophenduka isithunzi sona esinomnyakazo kodwa ongenamsebenzi. Ndabezitha goloza okokugcina aze ashaye umthetho ophusile lo Hulumeni ngamandla enu. Angiphikisani nenkosi yami kodwa ngizama ukuyiqwashisa. Thina siyabuthanda ubukhosi bethu bendabuko. Kanti thina ma-Afrika siyosala nani okungeyethu. 20

- 4.1 NgokukaDlamini yikuphi okumele kubhekwe uma kubekwa indoda esikhundleni? Bhala iphuzu ELILODWA. (1)
- 4.2 Yiluphi lolu hlelo uDuma okwakufanele akhulume ngalo nenkosi uShandu? (1)
- 4.3 Bhala isizathu esenza inkosi uShandu ingafuni ukusheshe imchithe uDuma uma ezehlisa. (1)
- 4.4 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi uMbandlwa wakukhombisa kanjani ukwesekela ikhansela uDuma? (3)
- 4.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Isimo sokukhuluma esithi: Phela ukubusa kwakho **kungazulelwa amanje.** sisho ukuthi kungaba ...

 - A sengozeni.
 - B nokungaphumeleli.
 - C nokungahlonipheki.
 - D nempumelelo. (1)

- 4.6 Bhala isizathu esaholela ekuguleni kwenkosi uShandu yaze yalaliswa esibhedlela? (2)
- 4.7 Kwaba namthelela muni ukushona kukaMbandlwa empilweni kaDuma? (2)
- 4.8 Phawula ngesigameko esiwudweshu lwangaphandle esenzeka ngesikhathi uMbandlwa efaka izaziso zomhlango. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 4.9 Lo mdlalo uluhlobo luni ngokwendikimba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 4.10 Inkulumbo kaDlamini ethi, 'Umchithe zisuka nje,' imveza njengomlingiswa onjani? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 4.11 UMaShezi ungumlamuli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

KANYE**ISIQESHANA H**

(Inkosi uShandu isibuyile, ihleli noMaNgema bayaxoxa.)

- SHANDU: Ngiyakuzwa konke okushoyo mkami kodwa le ndoda iyedelela. Ngizombiza maqede athi sengiyamncenga. Mhlawumbe ukumbiza kuzomkhukhumeza bese enza elikhulu iphutha. Phela umuntu uma eyisilima usheshe ababone abantu abazicabangelayo. Uyothini-ke wena 5
uma esenze njalo?
- MANGEMA: Ngeke! Ngeke baba! Phela noMaShezi uzokhuluma naye. UMaShezi bengimthatha njengomuntu wesimame ofana nabaningi besimame baselokishini, abangazi nanyaka ngokuhlonishwa kwamakhosi. Hhayi baba, uMaShezi uselubuka ngamanye amehlo lolu daba. Phela udaba 10
lokushayeka kukaMbandlwa, ukwethuswa komyeni wakhe kanye necala lenduna kube nomthelela ekuguqukeni kukaMaShezi. Futhi uvumile lapha kimi ukuthi naye ubecabanga njengomyeni wakhe. Baba, masethembe yena uMaShezi.
- SHANDU: Ngiyakuzwa mkami kodwa uMbandlwa yena uthini ngaye? Angithi yilo 15
ishoshozela lelo?
- MANGEMA: Yebo baba kodwa zama baba.
- SHANDU: Hhayi-ke, ngizobikela induna uDlamini ngaphambi kokwenza njengoba usho. Ukungamtsheli uDlamini kungangihlupha uma kwenzeka kuvela 20
inkinga emva komzamo wami.
- MANGEMA: Kulungile baba, mtshale uDlamini.
- SHANDU: Cha. Impela kufanele ngitshale isizwe ukuthi senginomeluleki lapha ekhaya. *(Ahleke)*
- MANGEMA: *(Naye ahleke)* Awuzwe ubaba! Ehhe! Nginguye umeluleki wakho vele. 25
Phela mina angifani no-Eva.
- SHANDU: Hheyi, angazi. UDlamini uzobhodla umlilo. Phela akayingeni ekaDuma. Ngempela ngeke sibone ngaso linye sonke.

- 4.12 Bhala izinto EZIMBILI ezenza uShandu angakuthokozeli ukubiza ikhansela uDuma. (2)

- 4.13 Yisiphi isiqiniseko esashiwo nguMaNgema enkosini uShandu mayelana noMaShezi ngokwalesi siqeshana? (2)
- 4.14 Tomula umusho osikhombisa ukuthi inkosi uShandu iyabona ukuthi uMbandlwa unochuku. (2)
- 4.15 Umphakathi wawuphoqwa yisimo senhlalo/sempilo yasendaweni ukuthi ungakwamukeli ukusebenza kwekhansela endaweni yenkosi. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)
- 4.16 Phawula ngekhono lombhali lokukhetha isihloko salo mdlalo. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)
- 4.17 Ukuba uMbandlwa akashonanga ucabanga ukuthi ngabe waphetha kanjani lo mdlalo? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 4.18 Uyavumelana yini nokuthi kwakuzosheshe kube nesixazululo ezinkingeni ezaziphakathi kwenkosi uShandu noDuma ukuba uMbandlwa noDlamini babengekho? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- [35]**

UMBUZO 5: ICALA KALIBOLI – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

MTHOFI:	Makube njalo-ke. Tshela abantu bomshuwalense labo ukuthi kabalungise izinto ngokushesha, ziphume izimali sithole okungokwethu.	
SONTO:	Khululeka, imali izophuma ngokushesha.	
MTHOFI:	Sengathi kungaba njalo ngoba sesikhathele indaba yakho. Uma kulibala, sizodubula wena manje.	5
SONTO:	Kahle Mthofi, kakukhulunywa kanjalo.	
MTHOFI:	Bengikwexwayisa nje. Nakhu okunye engikwexwayisa ngakho ...	
SONTO:	<i>(Ethuka)</i> Yini manje?	
MTHOFI:	Ungalinge ubhayize.	
SONTO:	Ngibhayize? Kanjani?	10
MTHOFI:	Kusazofika amaphoyisa lapha ezokuphenya .	
SONTO:	Pho ngalokho?	
MTHOFI:	Kasifuni ukuboshwa ngenxa yakho. Ngakho-ke uqaphele konke okushoyo, ungakhulumi izinto ezizosifaka ezinkingeni.	
SONTO:	Ngeke kwenzeke lokho.	15
MTHOFI:	Bengikukhumbuza nje ukuthi mina ngisakhathele ukuboshwa. <i>(Aluvale ucingo uMthofi engasavalelisanga. Asale elugqolozele uSonto enikina ikhanda.)</i>	
ZINHLE:	<i>(Kungene uZinhle)</i>	
SONTO:	<i>(Ebukisisa unina.)</i> Kwenzenjani mummy?	20
	<i>(Ethuka)</i> Ubuziswa yini?	
ZINHLE:	Ngibona nje ... you look pale and ... Kade ukhuluma nobani ocingweni?	
SONTO:	<i>(Ngolaka)</i> Nansi imihlola yami bo! Umuntu omdala kuyabuzwa yini kuye izinto ezinjalo?	
ZINHLE:	Ngiyabuza nje phela ngoba ngikubona izandla ziqhaqhazela.	25
SONTO:	Awungiyeke wena, idumbe lani? <i>(Kungqongqozwe emnyango. Kuvuleke umnyango, kungene uNhleko.)</i>	
NHLEKO:	Siyanibingelela ekhaya.	
SONTO:	<i>(Ngokucikeka)</i> Yebo, ngingakusiza ngani?	
NHLEKO:	Bengicela ukukhuluma nawe Nkosikazi Mbhele.	30
SONTO:	Zinhle, hamba uye ekamelweni. Sisafuna ukukhuluma izindaba zabantu abadala.	
ZINHLE:	<i>(Ephuma.)</i> Ok mummy.	
SONTO:	Uzongisesha ngani-ke namuhla?	

- 5.1 Ngowani lo mshuwalense okukhulunywa ngawo lapha? (1)
- 5.2 Bhala isizathu esenza uMthofi athi kuSonto angabhayizi uma esekhuluma namaphoyisa? (1)
- 5.3 Iyiphi le ndaba abathi sebekhathele yiyo oMthofi? (1)
- 5.4 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi uSonto wazama kanjani ukuthola imali yokukhokhela oMthofi? (3)

5.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Isimo sokukhuluma esithi: Kusazofika amaphoyisa lapha **ezokuphenya** sisho ukuthi ...

- A ezozwelana nawe.
- B ezobuza imibuzo.
- C ezobheka izimpahla.
- D ezoletha ubufakazi. (1)

5.6 Yisiphi isizathu esenza uMbhele wayoshintsha incwadi yefa? (2)

5.7 Kwaba namthelela muni ukwakhelana kukaSonto noDlamini empilweni kaMbhele? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

5.8 Phawula ngesigameko esiwudweshu lwangaphandle esenzeka ngesikhathi uMthofi efika emzini kaSonto okokuqala ephuma ejele. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

5.9 Lo mdlalo uluhlobo luni ngokwendikimba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.10 Inkulumo kaMthofi ethi, 'Uma kulibala sizodubula wena manje' imveza njengomlingiswa onjani? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (3)

5.11 Yisimo esithile esingumqhathi kulo mdlalo? Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

KANYE

ISIQESHANA J

(KwaMbhele kusale kwatheleka uMthofi nomngani wakhe uToronto bezofuna okungokwabo kuSonto. Badakwe bayabhuquza. Bafika akukho muntu.)

MTHOFI:	<i>(Ecikekile)</i> Kwangathi ngizogcina ngivule ngomthofi nje? Kunini singqongqoza engavuli lo doti?	
TORONTO:	He, mhlawumbe usebalekile nje?	5
MTHOFI:	Hhayi, akabalekile. Kade ngikhuluma naye nje ocingweni njengoba ngikuchazelile. Ngabe usebaleke nini? Cha, ukhona, ukuthi uyasiziba nje. Kodwa ngeke kugcine yena, kuzogcina thina. Uzoyikhipha ayibeke la esandleni imali yethu! <i>(Wadonsa isibhamu wangqongqoza ngaso efasiteleni.)</i> Vula, siyazi ukuthi ukhona!	10
TORONTO:	Yini ngempela engavuli?	
MTHOFI:	Useqala lokhu kusa kwakhe okubhedayo?	
TORONTO:	Kungenzeka yini uyasibalekela?	
MTHOFI:	Ngeke akwenze lokho, uyazi ukuthi singamsakaza ubuchopho ngenhlamvu. Futhi-ke kasikho isidingo sokuthi abaleke manje ngoba uthe imali uyitholile kummeli. Ubeyibabaza ukuthi ave iningi ngakho akazukuba nankinga yokusikhokhela.	15
NHLEKO:	<i>(Kusenjalo kuqhamuke umseshi uNhleko.)</i> <i>(Ekhuluma yedwa.)</i> Mhlola mini le engiyibonayo? Iyangixaka indaba yalaba bantu abazungeza umuzi kaMbhele ngezibhamu. Ngizoke ngizwe, ake nginikele khona. <i>(Ahambe asheshe asondele kubona. Abakamboni)</i> Kwenzenjani madoda, nifunani la?	20
MTHOFI:	<i>(Efaka isibhamu enqulwini.)</i> Sorry vader.	
NHLEKO:	Nenzani la nezibhamu? <i>(Ngolaka)</i> Khulumani, nifunani la? Phendulani ngingaze nginibophe nginifake ozankosi. Wena Mthofi awukhathali ijele, uqeda kuphuma ejele usufuna ukubuyela futhi?	25
TORONTO:	<i>(Esho ngelidakiwe)</i> Vader le nkosikazi isikweleta imali enkulu kabi. <i>(Emthulisa)</i>	
MTHOFI:	Vala umlomo wena, musa ukukhuluma izinto ezingabuzwanga muntu.	

- 5.12 Bhala izinto EZIMBILI ezashiwo uToronto noMthofi ezazikhombisa ukuthi bamcasukele kakhulu uSonto. (2)
- 5.13 Yisiphi isiqiniseko ayenaso uMthofi sokuthi uSonto akakabaleki? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 5.14 Tomula umusho osikhombisa ukuthi uToronto kukhona amagama awaziyo esiBhunu. (2)
- 5.15 Umfundisi waphoqwa yisimo ukuthi athathe imali yebandla eyayibalelwa kwaMbhele ahambe nayo. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)
- 5.16 Phawula ngekhono lombhali lokukhetha isihloko salo mdlalo. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)
- 5.17 Ukuba uNhleko wayengekho kulo mdlalo, ucabanga ukuthi ngabe waphetha kanjani? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 5.18 Uyavumelana yini nokuthi kwakulungile ukuba uSonto afihlele uZinhle ukuthi unenkinga yezigebengu ezimfuna imali? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA K

(UThenjiwe uhlangana noMaNzuza ongumakhelwane kaManzini.)

MANZUZA:	Awu makoti wahamba ushesha kangaka, ujahephi?	
THENJIWE:	Cha ngiya ngasekhaya mama.	
MANZUZA:	Pho wahamba ukhuluma wedwa? Akusekho nangane ekuphelezelayo? Yini le eyenziwa oManzini.	5
THENJIWE:	Eqinisweni mama ngihanjiswa ukuthi asizwani nabalapha ekhaya.	
MANZUZA:	Nibangani?	
THENJIWE:	<i>(Athule kancane, amehlo acwebe izinyembezi)</i> Sibanga ukugana. Bathi angigane umfowabo kaSikhumbuzo. Angiyifuni leyo nto mina.	
MANZUZA:	<i>(Asondele kuye ambambe ehlombe)</i> Kwakubi-ke lokho mntanami. Bathi kujahweni?	10
THENJIWE:	Ngisuke ngathi ngicela ukubuyela ekhaya kancane, ukuze ngikhoahlwe yilesi sehlakalo esangivelela. Bona babona sengathi ngizohamba unomphela.	
MANZUZA:	Lalela-ke ngane. Mina ngibona lezi zindaba zifanele ukukhulunywa usukhumule nenzilo. Ngiyalazi isiko lokungenwa. Liya ngabantu. Abanye liyabavuma abanye njalo libaphike. Kodwa bakuchazele kahle hle ngalo?	15
THENJIWE:	Cha, abangichazelanga kabanzi mama. Kanti-ke nencazelo ngeke ingisize. Angiboni ukuthi ngingabe ngisakwazi ukuthanda omunye umuntu manje.	20
MANZUZA:	Ungamthanda omunye umuntu ndodakazi. Okuhluphayo ukuthi basuke baphuthuma kwaManzini. Uma lesi siwombe sidlula umqondo wakho ubungaguquka. <i>(Abheke ngenhla)</i> Nangu umamezala wakho kokunye ucinga wena.	25
THENJIWE:	Ngeke aze angicinge lowo sengathi akangicabangeli nhlobo.	
MANZUZA:	<i>(Ememeza)</i> Singapha weMaMbatha!	
MAMBATHA:	<i>(Ememeza)</i> Ukhulumani nomakoti wakwami. Uwena lo omfaka umoya omubi ? Uwena lo othe akavele ahambe angasilaleli?	
MANZUZA:	<i>(Ememeza)</i> Musa ukumemeza bo. Woza lapha sixoxe sibonisane.	30

- 6.1 Uphumaphi uThenjiwe njengoba ehamba eshesha? (1)
- 6.2 Bhala isizathu esenza uThenjiwe angezwani nabakwaManzini? (1)
- 6.3 Yisiphi isehlakalo esibuhlungu esavelela uThenjiwe kule ndaba? (1)
- 6.4 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi uThenjiwe wakukhombisa kanjani ukungakuthandi ukuhlala kwaManzini. (3)
- 6.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.
- Isimo sokukhuluma esithi: Uwena lo **omfaka umoya omubi** sisho ukuthi ...
- A uyamkhalisa.
- B uyamxoxisa.
- C uyamthethisa.
- D uyamonisa. (1)

- 6.6 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uSipho abhalele uThenjiwe incwadi? (2)
- 6.7 Kwaba namthelela muni ukuvuma kukaDumisani ukungena uThenjiwe? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 6.8 Phawula ngesigameko esiwudweshu lwangaphandle esenzeka ngesikhathi uSipho ehlangana noDumisani ngasezitolo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 6.9 Lo mdlalo uluhlobo luni ngokwendikimba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 6.10 Inkulumo kaThenjiwe ethi, 'Ngeke aze angicinge lowo sengathi akangicabangeli nhlobo' imveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 6.11 UNondumiso ungumlamuli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

KANYE**ISIQESHANA L**

(Kusekhaya kwaManzini. Kuhleziwe phansi kwesihlahla kubhungwa indaba kaThenjiwe)

- ZUNGU: Usesehlule umakoti Mondise uthi isiko leli akalazi. Angazi-ke ukuthi nanimfundise kanjani kanti.
- MAMBATHA: Okusixaka du, lo muntu akafuni kukhuluma. Uvele avukeinja ebomvu. 5
Okwesibili njengoba ebuya nje. Useke wazihambela asamazi nokuthi ushonephi.
- MONDISE: Kanti awuhloniphi lapha emzini Thenjiwe? Yini le engiyizwayo. Uzongiphoxa lapha?
- THENJIWE: Uxolo baba. Ngahanjiswa isimo esasilukhuni. 10
- MONDISE: *(Ethukuthele)* Angithi ngangikhona amakhosikazi ekuyala ethi kuyabekezelwa emendweni? Usuyehluleka ufika nje?
- MAMBATHA: Ufike esehamba nodadewabo omdala lapha. Yena-ke ubelokhu esibelesele ngembudane yamalungelo. Naye olunye nje uhlanya. 15
Belungasiniki nethuba lokukhuluma.
- ZUNGU: Ngize ngamtshela ukuthi akayolungisa izindaba zasemzini wakhe ngoba owami lo muzi.
- THENJIWE: Ake ngichaze ba ...
- MONDISE: Thula! Yini osayichaza awuboni ukuthi sesingene ezindlekweni zokuhlawula ngalezi zenzo zakho? Kodwa yini le eyenziwa 20
uNondumiso?
- MAMBATHA: Asazi Mondise thina siyakuzwela impela. Le ngane izohlala kahle kabi lapha ekhaya. UDumisani umuntu ophilayo. Indoda emadodeni.
- ZUNGU: Nami bengizomgada umfana wami angadlali ngengane. Yikhaya leli Mondise. Noma sihlupheka kodwa siyaphila. 25
- THENJIWE: Angazi noma sengingakhuluma baba?
- MONDISE: Cha awuthule ngizwe udaba lonke *(abheke kuZungu)*. Ngiyajabula Manzini uma ngizwa uthi izingane uzozibheka. Mina ngizwe sengathi le ngane yami yenziwa into engayifuni ngenkani.
- ZUNGU: Akunjalo Mondise. Leli siko siyalazi ukuthi lifuna labo abaliqalayo 30
basekelwe abadala.

- 6.12 Bhala izinto EZIMBILI ezazenziwa nguThenjiwe ezazixaka abakwaManzini. (2)
- 6.13 Yisiphi isiqiniseko esashiwo nguManzini ngenhlalo kaThenjiwe emzini wakhe? (2)
- 6.14 Tomula umusho osikhombisa ukuthi uMaMbatha uyayethemba indodana yakhe. (2)
- 6.15 UThenjiwe waphoqwa yisimo ukuthi avume ukungenwa uDumisani, yena wayengazimisele. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)
- 6.16 Phawula ngekhono lombhali lokukhetha isihloko salo mdlalo. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)
- 6.17 Ukuba uDumisani wayengekho kulo mdlalo ucabanga ukuthi ngabe waphetha kanjani? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 6.18 Uyavumelana yini nabakwaZungu ukuthi uma uThenjiwe ebuyela ekhaya kubo kumele babuyiselwe izinkomo zelobolo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE**IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUSO 7.2.

UMBUZO 7**7.1 'UMUNWE' – Scelo Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA M

Angazi ukuthi yini le eyenza ukuthi silutheke, sibe nesibindi sokuyosukela abantu esingabazi ukuthi banjani, baphila yiphi impilo. Kuqala amasoka ayebulawa yizishimane ezinesikhwele. Izishimane lezo zazikhwelezela izintombi zazo. Namhlanje amasoka asevele azifele wona, engadutshulwanga, futhi engagwazwanga izishimane. Okubuhlungu yikho ukuthi amasoka lawa abulala nabantu abangenacala, ngaso lesi sikhali esingabonakali. 5

Akabonakali umuntu ohlome ngalesi sikhali. Zimbi izinto lapha ngaphandle. Kuyabhujwa. Zimbi izifo ezikhona namhlanje. Umuntu uyaye azitshela ukuthi ngeke abe nogcobho umuntu amthandayo ngenxa yamehlo akhe asuke evalwe wuthando. Nami ngiyabalwa kulabo abazitshela lokho. Abahlengikazi ngibathemba kakhulu-ke bona. Yingakho ngibathanda kangaka nje. Ngiyazi ukuthi bangabantu abazinakekelayo kakhulu. Yibona abazi kangcono kunathi mayelana nobungozi bezifo kanye nokuvikelwa kwazo. Ngibabona bephephe kakhulu. 10 15

Amehlo ami nawaleya ntokazi athi uma ehlangana, kube sengathi kukhona into esamlingo eyenzekayo. Kade eqeda ukuhlangana khona manje nje amehlo ethu. Athe angahlangana, yawabalekisa intokazi le. Aphinda ahlanguana. Yaphinda yawabalekisa. Isho ukuthini le nto madoda? Ngabe kukhona ekuzwayo nayo ngaphakathi? Ngabe izwa le nto engiyizwayo? 20

Kungenzeka izinto ziqondane madoda?

'Sawubona sisi,' kusho mina ngibeka ithileyi lami etafuleni.

'Yebo,' kuphendula intokazi, ingangibheki ngisho ukungibheka.

'Angazi noma ngenza iphutha yini ngokuhlala nawe kuleli tafula.'

'Cha.' 25

- 7.1.1 Yini eyayibulala amasoka ngesikhathi sakudala ngokwalesi siqeshana? (1)
- 7.1.2 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza umxoxi wale ndaba abethembe abahlengikazi. (2)
- 7.1.3 Bhala igama lesibhedlela okusebenza kuso umxoxi wale ndaba. (1)
- 7.1.4 Yini le athi umxoxi ibulala amasoka esikhathini samanje? (1)
- 7.1.5 Tomula ibinzana lamagama esiqeshini elisitshela ukuthi le ntokazi yayishalaza ngesikhathi ikhuluma nombhali. (2)

- 7.1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esithi: 'Zimbi izinto lapha ngaphandle.
Kuyabhujwa' sisho ukuthi ...
A baningi abantu abafayo.
B baningi abantu ashadile.
C baningi abantu ababoshwayo.
D abantu baphila kanzima. (1)
- 7.1.7 Fingqa ngamaphuzu AMABILI usho ukuthi kungani umxoxi wale ndaba engathandi ukuba nabantu abaningi athandana nabo lapha asebenza khona. (2)
- 7.1.8 Ucabanga ukuthi lo mlisa wayenayiphi inhloso ngoZodwa? (2)
- 7.1.9 Umxoxi wendaba ungumlingiswa ongathembekile kule ndaba emfushane? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 7.1.10 Xoxa ngamaphuzu AMABILI ngenhloso yombhali yokusibhalela le ndaba emfushane. (2)
- 7.1.11 Umbhali uwulandelile yini umgomo wokuqoqeka kwesikhathi kule ndaba emfishane? Sekela impendulo yakho. (2)

KANYE7.2 **'UNOZIMOTO' – NAP Khumalo**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA N

Sebezichaza-ke ukuthi bangobani. Umshayeli nguBra Joe, lona omunye nguBra Sam. Izibongo-ke bandla cha, bangazisho. NoKaMaseko azichaze.

'Siyethemba ikuphethe kahle imoto yethu Nkosazane,' kusho uJoe lapho sebehambe ibangana.

'Yebo phela, ingiphethe kahle. Musa ukusho kimi ukuthi 'Nkosazane'; awuyiboni yini indandatho le? Kusho uKaMaseko ngobuso obuhle, ebakhombisa isandla esinendandatho. 5

'Akusho lutho ukuthi Nkosazane, kushiwo uma kuhlonishwa umuntu wesifazane nje, noma yimuphi. Nasesalukazini kuyashiwo,' kulandelisa yena uJoe ngamazwi, egcina ngokucifa iso. 10

'Kahle bo! Kushiwo kumuntu wesifazane osemncane ongakashadi. Mina ngiyiNkosikazi.'

'Kanti-ke nje Nkosazane, nayo indandatho leyo iyakhumuka uma ikhunyulwa,' kusho uSam emomotheka sengathi uyakuphoqa.

'We-a, angisibo-ke labo abanjalo,' kusho uKaMaseko. Ubuso bakhe selokhu buncwaba. Babe belokhu beqhubekile bexoxa kanjalo. Yemuke njalo imoto. 15

'Manje Dadewethu siyethemba ukuthi awuphuthumi kakhulu edolobheni. Besisafuna ukuphambuka kancane, kodwa-ke asiya ekudeni, futhi-ke asiya ukuyohlala. Kuzoba yimizuzwana nje emihlanu. Nathi siya khona edolobheni,' kusho uJoe. 20

'Uma kunjalo ningaphambuka bafowethu, akukho lutho. Nami angiphuthumi lutho ngoba bengisathi angishaywe ngumoya nje, ngoba ngizwa nginesizungu ekhaya.'

'Kuhle-ke. Nathi siyathokoza uma singakubambezeli,' kusho yena uJoe.

- 7.2.1 Kungani uKaMaseko engafuni ukubizwa ngokuthi Nkosazane kulesi siqeshana? (1)
- 7.2.2 Bhala isizathu esenza ukuthi uKaMaseko aye edolobheni ngalolu suku. (1)
- 7.2.3 Xoxa kafushane ngamaphuzu AMABILI okwenzeka ngesikhathi imoto eyayigibelise uKaMaseko ifika ehlathini lapho kwakuhlala khona uBra Stan. (2)
- 7.2.4 Chaza isigameko esibandakanya uNtokozo esiphethweni sale ndaba esimveza njengomuntu ongasheshi ukuvuma into uma engayiboni kahle. (2)
- 7.2.5 Xoxa ngodweshu lwangaphandle olwasuka phakathi kukaJoe noKaMaseko ngesikhathi bebanga ukuthi bazokhokhelana kanjani uphethilolo wemoto. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 7.2.6 Chaza ukuthi le ndaba yenzeka ngasiphi isikhathi ngokwesizinda. (2)
- 7.2.7 Phawula ngesingeniso sale ndaba emfishane. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 7.2.8 Ngokucabanga kwakho kwakuyinto enhle yini ukuba uNtokozo ashaye umkakhe uKaMaseko umthetho wokuthi angayigqoki ingubo eyithuphisi enhle amthengela yona uma engahambi naye? Sekela umbono wakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 7.2.9 Uyazwelana yini noKaMaseko enkingeni eyagcina imehlele ngesikhathi egibele imoto yezigebengu? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO**AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga no JJ Thwala****UMBUZO 8**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUSO 8.2.

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ngingoweliba – NL Luthuli

- 1 Umzimba wam' uhlukeno nomphofumulo.
- 2 Umzimba' ubuyele kwamhlaba' enhlabathini
- 3 La owadabuka khona.
- 4 Umphefumulo awusenabelo kwamhlaba.
- 5 Umzimba kuphel' onesabelo,
- 6 Ngob' ungoweliba.
- 7 Nendodana kaSomandla
- 8 Yaba ngeyethuna.
- 9 NgoLwesihlanu yalinqob' iliba.
- 10 Yavuka kwabaleleyo.
- 11 Pho mina bengingahlala kanjani
- 12 Ngingabi ngoweliba na?
- 13 Um' indodana yoMunt' ingakabuyi,
- 14 Ngiyoba ngoweliba njalo.
- 15 Ngiyazi bayokhala balile,
- 16 Bathi balahlekelwe,
- 17 Bayosho baze bafakazelane.
- 18 Ngent'eyodwa;
- 19 Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami.
- 20 Keph' engikwaziyo kunye,
- 21 Mina nabo singabeliba.

- 8.1.1 Kusho ukuthini ukwehlukana komzimba nomphofumulo emgqeni woku-1? (1)
- 8.1.2 Kungani umzimba wona kuthiwa ubuyele emhlaba' enhlabathini emgqeni wesi-2? (1)
- 8.1.3 Tomula imigqa EMIBILI evulekile esitanzeni sesi-2. (2)
- 8.1.4 Fingqa umqondo osobala wokushiwo yinkondlo esitanzeni sesi-2. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 8.1.5 Tomula imigqa EMIBILI elandelayo esitanzeni sesi-2 efakazela ukuthi imbongi iyakuqonda ukuthi nayo iyodlula emhlabeni ngelinye ilanga. (2)

- 8.1.6 Elendodana yoMuntu liqondiswe kubani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 8.1.7 Hluza le nkondlo ngaphansi kwalezi zihlokwana:
- (a) Nikeza isibonelo semvumelwano siqalo esitanzeni sesi-4 bese udwebela amalunga afanele. (2)
- (b) Tomula isibonelo sefanankamisa kule nkondlo esitanzeni sesi-4. (2)
- 8.1.8 Le nkondlo inamuphi umoya? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 8.1.9 Imbongi ingumuntu othandwa ngabantu. Sekela lesi sitatimende ngokucaphuna imigqa EMIBILI enkondlweni efakazela lokho. (2)

KANYE

- 8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ungumzali Onjani? – TB Qwabe

- 1 Ungumzali onjani?
- 2 Odel' igazi lakhe
- 3 Lichithek' ezindabeni.
- 4 Sithi sihlezi sithokozile
- 5 Kodwa abesibophel' amanqina enyathi.
- 6 Ungumzali onjani?
- 7 Onhliziyo yakhe iyitshe
- 8 Ongafuni ukusinika
- 9 Iwisa nesihlangu
- 10 Silwe sivike kudel' umakhasana
- 11 Kukhale ingwazi kukikizwe!
- 12 Ungumzali onjani?
- 13 Ongasingath' amachwane akhe,
- 14 Awafak' endleleni eyiyo,
- 15 Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
- 16 Ziwathole ekhuselekile.
- 17 Ungumzali onjani?
- 18 Ohlal' anethezeke
- 19 Ashay' esingeqiwa ntwala
- 20 Kodwa ekhaya kudlang' usizi
- 21 Izingane zibona ngokusa.
- 22 Ungumzali onjani?
- 23 Onikwa isikhali sempilo
- 24 Ahlabane ngaso imizuzwana
- 25 Asitshinge phezulu
- 26 Kuqhamuk' iminjunju imtshikitshela.

- 8.2.1 Kungani umugqa oqukethe amagama athi, 'ungumzali onjani' sithi uyimpindwa? (2)
- 8.2.2 Bhala izinto EZIMBILI ezibalwe esitanzeni soku-1 ezikhombisa ukuthi lo mzali akanandaba nezingane zakhe. (2)
- 8.2.3 Tomula umugqa oqukethe isingathekiso esitanzeni sesi-2. (2)
- 8.2.4 Bhala inzwa etholakala kulo mugqa we-11: 'Kukhale ingwazi kukikizwe!' (2)
- 8.2.5 Bhala umugqa osesitanzeni sesi-3 oqukethe umyalezo wokuthi, **azifundiswe izingane imithetho okufanele ilandelwe empilweni.** (2)
- 8.2.6 Tomula umugqa onenjambamenti esitanzeni sesi-3. (2)
- 8.2.7 Iphumelele yini imbongi esitanzeni sesi-4 ukugqamisa umqondo wokuthi lo mzali uziphilela kahle lapho ehlala khona kube kuhlushekwa emuva? Sekela ngokutomula imigqa EMITHATHU efakazela impendulo yakho. (3)
- 8.2.8 Uyavumelana yini nokuthi esikhathini samanje sekunezingane eziningi ezinganakiwe ngabazali bazo? Sekela ngokunikeza umqondo ocashile oshiwo imbongi esitanzeni sesi-5. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70